



INGEDE

Lishicilelwe yi - SOUTH AFRICAN SUGAR ASSOCIATION EXPERIMENT STATION

November 2002, Vol. 5, No.2



UKUNQANDA UKHULA NGENDLELA KWENZA UMAHLUKO PHAKATHI KOKUPHUMELELA NOKUHLULEKA

- Abalimi kumele baqikelele ukunqanda ukhula ngesikhathi umoba usemncane ngoba ukhula luncintisana nawo ngomswakamo, ilanga kanye nomsoco.
- Ukhula kumele lunqandwe ngaphambi kokuthi luvele noma uma nje lusanda kuvela. Uma nje selufika emadolweni, ingxenye yesivuno isuke seyilahlekile vele.
- Ukuhlakula kuyasebenza kuphela uma kwenziwe ukhula lungakabu lude futhi ngesikhathi esifanele.
- Indlela okuyiyona esebenza kahle ukusebenzisa izibulala-khula.
- Kuhle ukufaka isibulala-khula ngesikhathi esifanele futhi okhuleni olusifanele hayi ukuthi ulinde kuze kuqedwe ukufakwa kukamanyolo kande ufake isibulala-khula.
- Qiniseka ukuthi ufaka isibulala-khula okuyisonasona esidingwa uhlobo lokhula onalo futhi esilungele nomhlabathi wakho.
- Ezinye izibulala-khula ziidnga umhlabathi oswakeme kanti ezinye zidinga imvulana encane ezokwazi ukuthi izincibilikise ukuze zingene emhlabathini.
- Ukuphuza ukufaka isibulala-khula kuzoba nomthelela omubi esivunweni kanti kunciphisa namahlumela ongawahlaha.



Umoba ongahlakuliwe.



Umoba ohlakuliwe.

AMASU ASEMQOKA

- Lungiselela ukuhlala kuqala lawo masimu azotshalwa kabusha kanye nalawo angahlawanga ngonyaka odlule.
- Qiniseka ukuthi lamasimu angahlawanga awanazo izifo nesihlava, bese uhlala masinyane lawo anazo ngaphambi kokuba umshini uvale.
- Yenza uhlelo lwakho lokutshala nokuhlala lwangonyaka ozayo u 2003 manje.
- Kumele ngabe usuqedile ukufaka umanyolo, ukuhlakula nokuthela izibulala-khula manje ngoba ithuba elihle lokukhula komoba kulezizinyanga zehlobo.
- Qiniseka ukuthi ukuqonda kahle ukuthi kusuke kufunwa umoba osesimweni esihle kangakanani, uyayiqonda kahle indlela okhokhelwa ngayo kanye nokuthi uyasiqonda kahle isitatimende sasemshinini.
- Kumele ukugweme ngasosonke isikhathi ukutshala ngemuva kwesikhathi esifanele sokutshala ngaphandle uma umhlabathi wakho uswakeme ngokwanele.
- Umnyango wezokuqeqesha eSASEX unezifundo ezingaba usizo olukhulu kuwena, yenza amalungiselelo okuthi uzithole.
- Xoxisanani bese nidlulisela izinsuku ezinqunyiwe kanye nezihloko zemihlangano yonyaka ozayo.
- Bhekisisani izidingo ngokoqeqesho nezihloko ezizodingidwa nonyaka ozayo.
- Gcina futhi ulungiselele amadabuli ukulungiselela unyaka ozayo.
- Osonkontileka: Qala ukulungisa imishini manje ulungiselela unyaka ozayo.



UKULIBAZISEKA UKUHLAKULA	%ISIVUNO ESILAHLEKAYO	UKULAHLEKELWA NGAMATHANI 50 Tons cane/ hectare	UKLAHLEKELWA NGAMARANDI 12.5% sucrose @ R 1382.00 RV
UKULIBAZISEKA	AKUKHO UKULAHLEKELWA	AKUKHO UKULAHLEKELWA	AKUKHO UKULAHLEKELWA
4 AMASONTO	5% esilahlekayo	2.5 amathani kamoba	R 432.50
8 AMASONTO	20% esilahlekayo	10 amathani kamoba	R 1730.00
AKUHLAKULWA	50 – 80% esilahlekayo	25 – 40 amathani kamoba	R 4325.00 – R 6920.00

Leli thebula elingaphezulu likhombisa ukulahlekelwa okudalwa ukulibaziseka ukuhlakula.



Izifo Zomoba

Ikhasi 1

Izifo ezibalulekile zomoba ilezi:

1. Isifo esibhashisa ihlumela - (RSD)



2. Isifo esenza amakhasi kamoba abe mabhadubhadu - Mosaic



3. Isiwumba

Izifo Zomoba

Ikhasi 4

Isiwumba

- Isiwumba sitholakala ikakhulukazi ezindaweni eziseNyakatho yaKwazulu.


Senzani isiwumba?

- Sidala ukulahlekelwa yisivuno
- Isivuno sehla minyaka yonke
- Ukulahla kwesivuno kunganyuka kuze kufike emaphe-sentini angamashumi amathathu emobeni ongondlekile
- Ezinye izinhlobo ziyasizwela kakhulu lesifo eg. Nco376, N16, N39.



Izimpawu

- Umasisaqala - isiqu sikhula sibe side
- Umasisingenile - ukwakhela kwento esasiswebhu emnyama
- Lesisiqu esinalesisifo sikhula kubesengathi utshani



Yini eyandisa lesisifo?

- Ukutshala imbewu enalesisifo
- Izinhlamvu ezincane ezisuka emobeni onesifo zipheshulwa umoya
- Ukutshala imbewu ephilile emhlabathini onalesisifo.

Singanqandwa kanjani?

- Ukutshala izinhlobo zomoba ezikwaziyo ukusimela lesisifo eg. N27, N29, N35
- Ukusebenzisa imbewu engenasifo
- Ukhiphe wonke umoba owubona ukuthi unalesisifo
- Insimu eshaywe kakhulu ilesisifo, qalaphansi uyitshale kabusha
- Khipha wonke amavolontiya
- Vikela umoba ungahlukumezeki.



Izifo Zomoba

Ikhasi 2

RSD - Isifo esibhashisa ihlumela

- Sitholakala kuzozonke izindawo
- Sihlasela zonke izinhlobo zomoba
- Zonke izinhlobo ezikhiqizwe eNingizimu Afrika ziyahlaselwa ilesisifo

Senzani lesisifo esibhashisa ihlumela i RSD?

- Ungalahlekelwa cishe isigamu sonke sesivuno sakho
- Sishaya kuzwele kakhulu emobeni ongondlekile

Izimpawu

- Ukubhasha kwezingongolo zomoba
- Insimu ibukeka ingalingani
- Akulula ukuthi ubone uma sesihlasele



Yini eyandisa lesisifo esibhashisa ihlumela - RSD?

- Ukutshala imbewu enaso lesisifo
- Obushu ngesikhathi kuhlahlwa
- Amavolontiya asala ensimini anesifo



Singanqandwa kanjani?

- Sebenzisa imbewu ehloliwe neshisiwe ngohlelo lwamanzi ashisayo
- Mayihlolwe imbewu ukuthi ayinaso yini isifo se-RSD
- Cwilisa obhushu emanzini anoshiboshi uma uhlahla
- Susa amavolontiya ensimini



Izifo Zomoba

Ikhasi 3

i-Mosaic

- Imosaic itholakala ikakhulukazi ezindaweni ezibandayo
- Izinhlobo eziningi ezintsha ziyamelana nalesisifo

Yenzani imosaic?

- Idala ukulahlekelwa isivuno.

Izimpawu

- Isitshalo siba nombala ophuzi oyela kohlaza
- Amahlamvu wona abe nombala omabhadubhadu ngokuhlaza (Kulula ukusibona emahlamvini omoba omcane).



Yini eyandisa lesisifo se mosaic?

- Ukutshala ngembewu enalesisifo
- Sandiswa izinambuzane ezizishaya santwala okuthiwa i maize aphid



Singanqandwa kanjani?

- Ngokusebenzisa izinhlobo zomoba ezimelana naso
- Ukutshala ngembewu engenasifo
- Ukunjanda ukhula no tshani (ukhula lufukamela igciwane lalesisifo)
- Qikelela ukugcina imithetho nezimiselo zophiko lwamakomidi abhekene nezifo, izinambuzane nezemvelo.

Izifo Zomoba

Ikhasi 5

Ezinye izifo ezejwayelekile



Isifo sikaphayinaphu



Red Rot



Pokkah Boeng



Ring Spot



Brown Spot



Ukugqwala

Izifo Zomoba

Ikhasi 6

Izifo ezingajwayelekile



Leaf Scald (bacteria)



Yellow Leaf Syndrome (virus)

Izimpawu okungezona ezezifo



Ratoon Chlorosis



Banded Chlorosis



Herbicide Damage



Ukusweleka komsoco

Ukubanda

Ukuchelwa kwesibulala khula

YAZI ABELULEKI BAKHO BOMOBA

Ake ubuke lelisondo elinezithombe, thola isigayo sakho bese uthola umeluleki wakho



UMFELANDAWONYE



Phakathi Komnyango Wolimo Kahulumeni (KZNDA no MPDA) Nenhlango Koshukela (SASEX)



UHLELO LOKWEHLU-KANISELANA ISIVUNO

Loluhlelo lusebenza ngokuthi abalimi abangenawo amandla oku-
lima noma abangenayo imali-mboleko yakwaMthombo, bavumelane
nosonkontileka ukuthi bazohlukaniselana isivuno uma nje usonkon-
tileka emlimela insimu yakhe. Lesivumelwano siye sisayindwe enk-
antolo yesizwe phambi kwenkosi futhi sifaka amathani okuvunyelwene
ngawo, isikhathi noma iminyaka yesivumelwano nokunye nje.

Lokhu kuyindlela enhle yokukhuphula izinga lesivuno sabalimi abalima
ezingeni elincane. Futhi kuwukuthuthukisa abalimi ngaphandle kwez-
indleko zezikweletu. Ngaphandle kwalokho kukhuthaza ubudlelwano
emphakathini ngoba abantu abasizanyayo.

Ngoba-ke ayikho intombi engenasici, nalo loluhlelo lunezinkinga zalo
okuyilezi:

1. Osonkontileka abanayo imali ebalekelelayo
2. Umthombo awubaxhasi abalimi abakuloluhlelo
3. Osonkontileka abakhokhelwa kusenesikhathi uma belekelela labo
balimi abanezimali-mboleko kwaMthombo.

Kubakhona umona uma kungekho sivumelwano esibhalwe phansi
phakathi komlimi nosonkontileka.



Omunye wosonkontileka oshlelweni lokwehlukaniselana isivuno.

NAZI IZINOMBOLO ZABELULEKI BOMOBA BHEKA OSEDUZANE NAWE



NAME	DISTRICT	CELL Nos.	OFFICE TEL
D.M. NZUZA	LOWER UMFOLOZI	083 3113655	035 3374325
V.L. NXUMALO	LOWER UMFOLOZI	082 9589882	035 7942381
Ms S.E. MADONDO	LOWER UMFOLOZI	072 4336187	035 7942381
S.J. ZIKHALI	UBOMBO	083 4815812	035 5951084
M.R. CHILOANE	PONGOLA		
P. NTULI	HLABISA	072 5669176	035 5509113
Z.P. MBUYISA	HLABISA	072 1254578	035 5509113
I.N. HLONGWA	ESHOWE	072 1593064	035 4745329
F.B. PHEWA	ESHOWE	082 7392071	035 4745329
S.V. MTHETWA	ESHOWE	083 3097752	035 4745329
T.C. W.MKHIZE	NDWEDWE	083 355 3782	032 5334018
L. SHEZI	NDWEDWE	073 2122056	032 5334018
D.M. PHUTINI	NDWEDWE		032 5334018
K.E. SIBIYA	NDWEDWE	082 8368140	032 5334018
R. ISWALAL	DURBAN METRO	072 3486662	032 5335441
M.P. RADEBE	STANGER/Kwa-Dukuza	073 1397349	032 5525302/3
P.O. NDLOVU	STANGER/Kwa-Dukuza	084 3142753	083 7776060
M. MHLOMGO	MAPHUMULO	073 2438522	032 4812008
B.W. SIBISI	MAPHUMULO	083 3153044	032 4812008
M.V. NZUZA	MAPHUMULO		032 4812008
S.J. SANGWENI	MTUNZINI	083 7695868	035 3374325
N.P. NCWANE	MTUNZINI	082 8323797	035 3374325
G.V. MKWANYANA	MTUNZINI	072 2183961	035 3374325
B.I. ZUNGU	MTUNZINI	082 4213491	035 3374325
T.C. HADEBE	MTUNZINI	082 4380923	035 3374325
S.S. ZUNGU	MTUNZINI	083 7776060	035 3374325
P.A. DLADLA	NOODSBURG/UMVOTI	082 4361629	033 4132155
B.W. SITHOLE	NOODSBURG/UMVOTI	072 3736877	033 4132155
B.G. MANCI	VULAMEHLO		039 9740141
Ms B.P. MTESHANI	UMZUMBE		039 6991761
B.M. MATHE	UMBUMBULU		031 9150044
A. KHOZA	MALELANE	082 7016244	
J. MAVIMBELA	MALELANE	082 6938976	
N. MATEBULA	KOMATI	072 1701166	013 7820035
D. NDLOVU	KOMATI	072 4237674	013 7820035
T.A. MALINDI	BIZANA	072 2675955	